# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngesonto 03 esikahthini seAdvente, ngomhla ka 11. 12. 2011 03/2012*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 35/38
2. Umkhuleko: *Baba othandekayo, umusa nothando walubonakalisa ngalokhu ukuthi wena wathuma iNdodana yakho ibe nguMsindisi wethu. Yaba nesihawu kulo izwe, kepha izwe liyadumaza intokozo engaka. Sisize thina singalandeli izwe nomkhuba walo, kodwa sijabulele ukwandisa udumo lwakho, sakhe ibandla eliqotho. Nkosi, sizwe ngomusa wakho ngaye uJesu Kristu. Amen.*
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 4:1-5;
4. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 11:2-10
5. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
6. Iculo 304/234
7. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
8. Iphistola ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kwabaseRoma 15:4-13, lithi: *"Ngokuba konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela nangenduduzo yemibhalo sibe-nethemba. Kepha uNkulunkulu wokubekezela nowenduduzo makaniphe nibe-nokuqonda kunye phakathi kwenu ngokukaKristu Jesu, ukuze nganhliziyonye nidumise ngamlomo munye uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu. Ngalokho yamukelanani, njengalokho noKristu wasamukela, ukuze kudunyiswe uNkulunkulu. Ngokuba ngithi uKristu waba-yisikhonzi sabasokileyo ngenxa yeqiniso likaNkulunkulu, ukuze aqinise izithembiso ezaphiwa okhokho, abezizwe bamdumise uNkulunkulu ngenxa yesihawu sakhe, njengalokho kulotshiwe ukuthi: Ngalokho ngiyakukudumisa phakathi kwabezizwe, ngihubele igama lakho; abuye athi: Jabulani nina-bezizwe kanye nesizwe sakhe, nokuthi: Dumisani iNkosi nina nonke-bezizwe, niyibabaze, nina-bantu bonke. Futhi uIsaya uthi: Kuyakuba-khona impande kaJesayi, yena oyakuvuka abuse abeziwzwe; abezizwe bayakwethembela kuye. UNkulunkulu wethemba makanigcwalise ngenjabulo yonke nangokuthula konke ekukholweni, ukuze nivame ethembeni ngamandla kaMoya oNgcwele." Amen.*

Intshumayelo: Bathandekayo, iphistola lethu libiza kithi isihawu nothando. Uma kungekho lokho okubili, singeke sibe-namandla namehlo okubona abazalwane asebebuyela ezonweni, asebephelelwa ngamandla okukholwa, asebephelelwa amafutha ezibanini zabo. Labo badinga usizo lwethu ukubakhuthaza, bavuseleleke, baqine ekukholweni. Kuthi namadolo axegayo, asehluleka ngisho nokuza esontweni, asukume abe-namandla okuza esontweni. Yikho okushiwo iphistola lanamuhla: "Thina esinamandla sifanele ukuthwala ubuthakathaka balabo abangenamandla." Ngakho-ke: Khuthazani ababuthakathaka babuyele kuKristu!

babe nethemba kuKristu.

Babe-nhliziyonye kuKristu.

Bamukelane, ngoba uKristu wabamukela.

Badumise uNkulunkulu onesihawu.

Khuthazani ababuthakathaka babuyele kuKristu, babe nethemba kuKristu! Kukhona ukuphelelwa ithemba lombuso wezulu. Lokhu kubangelwa ukulamba kwekholwa, lilambele ivangeli elingukudla komphefumulo. Omunye nxa egula uswela umkhuleko, uma engawutholi uphelelwa ithemba. Kubuzwa kuwe-ke mfundisi, mvangeli, nawe msizikazi, nina enathembisa phambi kofakazi abaningi, ukuthi niyobahambela abasekuhluphekeni, niyabahambela na? Kukhona izwi elibuhlungu elivela kuNkulunkulu, lilotshwe isandla somprofethi, lithi: "Uma bewa umphefumulo wabo ngiyakuwubiza kuwe, uma ungabavusanga ungabelulekanga." Ngakho-ke noma lelizwi lishunyayelwa nguwe mfundisi, mvangeli, iseluleko lesi esihlabayo asiqale sihlabe wena ngenxa yomsebenzi wakho ongawunakekeli. Ngoba kuthiwa ngalo: Konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela nangenduduzo yemibhalo sibe nethemba. Kusowa kakhulu, nxa ikholwa libheka okwalo ukuhlupheka nalapho lizifunela okwalo, nalapho lizijabulisa, lizithokozisa lona, kepha umzalwane abe elusizi ehlupheka. Kuthiwa nguKristu akazithokozisanga yena, yebo ukuthuka kwalabo ababemthuka kwehlela phezu kwakhe kusho umprofethi. Ngakho-ke masingazithokozisi, kodwa sithokozise abazalwane kube kuhle baze bakheke, babe nethemba lokuthemba okukhulu okuzayo umbuso wezulu.

Khuthazani ababuthakathaka babuyele kuKristu, babe nhliziyonye kuKristu. Munye uNkulunkulu uYise wabo bonke, munye uKristu uMsindisi wabo bonke. Kunye ukukholwa, ngoba sikholwa kuMoya munye. Pho, kungenziwani, uma amakholwa engavumi ukwenza umsebenzi kaNkulunkulu nganhliziyonye na? Isono esikhulu

kuwo amaKristu anamuhla: Ukungavumi ukuhlangana abe nhliziyonye. Osizulu esihle sithi: "Injobo enhle ithungelwa ebandla." Pho, yini omunye abheke le, omunye abheke le? Ibandla lokwakhiwa kanjani amakholwa enganhliziyonye na? Isaga esikhulu esivela ebukhosini bakwaZulu sanamuhla sithi: "Sonqoba simunye!" Nasebandleni lethu masisho njalo. Umphostoli uyalifisela ibandla ukuba liphiwe ukunqoba kunye okuvela kuNkulunkulu wokubekezela nowenduduzo. Lize likwazi ukumdumisa loNkulunkulu oyedwa uYise weNkosi yethu uJesu Kristu, limdumise nganhliziyonye. Ibandla lifanele likhumbule ukuthi lingumzimba kaKristu, yena uyinhloko yalo. Likhumbule ukuthi emzimbeni kukhona amalungu, lamalungu anomsebenzi owehlukene, kodwa ayawenza ngokuvumelana. Wona awakhulumi, kodwa ahlula amaKristu akhulumayo. MaKristu, asibe nhliziyonye, ukuze simdumise nganhliziyonye uNkulunkulu.

Khuthazani ababuthakathaka babuyele kuKristu, bamukelane, ngoba noKristu wabamukela. UKristu wamukela thina esiyizoni, wafela thina esiyizoni, wezwa ubuhlungu ngenxa yethu esiyizoni. Lesisihawu, loluthando lufanele lubonakale kwabakholwayo. Yena uthi: Angizanga kwabalungileyo, kodwa ngize ukuba izoni ziphenduke zisindiswe. Abuye athi: Abagulayo bodwa abadinga inyanga. Wangena emzini kaZakewu umthelisi engabali izono zakhe. Sifanele thina esiyizoni samukelane kakhulu. UPawulu uthi: "Yamukelanani, ngoba uKristu wanamukela." Wamukela naye owayezingela kangaka abakholwa kuKristu esenguSawulu. UKristu waba isikhonzi ngenxa yeqiniso likaNkulunkulu, ukuze agcwalise, aqinise izethembiso ezaphiwa okhokho. Kwenziwa yini amakholwa angavumi ukuba izikhonzi zikaNkulunkulu? Kusho ukuthi asazenzisa, awakaqini ekukholweni. Opheleleyo akezwa buhlungu ngisho esethweswa umthwalo ongakanani. Ikholwa kufanele lamukele elinye ikholwa ngomoya wobuKristu. Kuphela ukukhukhumala, ukuzazisa, nokugxeka abanye nokuzibona ubumsulwa kunabanye. Ake uzwe njengomFarisi: "Ngoba mina Nkosi, anginjengalomthelisi." UJesu ukhuluma ngokwamukela izitha, ukuthi isitha, nxa silambile, sikuthole ukudla, nxa somile, siwathole kuwe amanzi. Pho, ukusola umuntu ongesona isitha kuvelaphi na? Yamukelanani, njengalokhu noKristu wanamukela.

Khuthazani ababuthakathaka babuyele kuKristu, badumise uNkulunkulu onesihawu! UNkulunkulu unesihawu, uyabahawukela abakhe. Ubahawukela ngokubahlenga ezonweni. Bona bafanele ukumdumisa. UJesu wasindisa abantu abayishumi bephethwe uchoko. Kwabuya wamunye ukuzobonga. UJesu wayesethi: "Angisindisanga ishumi na? Baphi pho, abayisishiyagalolunye? Kuphela lo oyedwa

uzile ukunika uNkulunkulu udumo? Wayesethi kuloya: Hamba, ukukholwa kwakho kukusindisile!" UNkulunkulu uyasithethelela izono zethu. Siyamdumisa ngalokhu na? Nxa sisondela esibikweni, embhapathizweni, esidlweni esingcwele, asibuyeli emuva singathethelelwanga? Nxa singambongi singamdumisi, uyabuza ukuthi baphi engibathethelele izono ngesonto elikhulu elidlulile, kuphela lengcosana ekhona kulelisonto ezongidumisa na? UNkulunkulu ulufanele udumo, yena ophumisa ilanga nenyanga phezu kwababi nabahle. Onisa imvula phezu kwababi nabahle. Kepha abambongi njengoNkulunkulu wabo, kabamdumisi. Umphostoli namuhla usikhumbuza amazwi abaprofethi ababefunga bethi: "Ngalokho ngiyakukudumisa phakathi kwabezizwe, ngihubele igama lakho. Abuye athi: Jabulani nina-bezizwe kanye nesizwe sakhe, nokuthi: Dumisani iNkosi nina nonke-bezizwe, niyibabaze, nina-bantu bonke. Futhi uIsaya uthi: Kuyakuba-khona impande kaJesayi, yena oyakuvuka abuse abezizwe; abezizwe bayakwethembela kuye." UJesu wavuka kwabafileyo, masimdumise; uyabusa ezulwini nasemhlabeni, yebo, nasebandleni lakhe. Malimdumise, lethembe kuye. Wenza ukuba sibuyisane noNkulunkulu ngegazi lakhe; ngakho-ke sinecala lokumbonga nokumdumisa. Ngakho nina-zinsizwa ezintsha, nina-zintombi ezintsha, dumisani iNkosi yenu! Bobaba, nani bomama, bogogo, nani bomkhulu, dumisani iNkosi ekugugeni kwenu! UNkulunkulu wethemba makanigcwalise ngenjabulo yonke nangokuthula konke ekukholweni, ukuze nivame ethembeni ngamandla kaMoya oNgcwele! Amen.

Umkhuleko: *Baba wethu othandekayo, sisize sonke kanye nabakholwayo ebandleni lethu, ukuba sibe nethemba kuKristu, sibe nhliziyonye kuKristu, samukelane, njengalokhu noKristu wasamukela. Enhliziyweni yethu nasemlonyeni wethu makuvuthe umlilo wokudumisa igama lakho ngaye uKristu. Amen*.

9. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...
10. Iculo 171/314

*Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.*

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1973/93/2005 nguN. Ngcobo.
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa:
Lutheran Heritage Foundation.